**U-SARS UYASEMUKELA ISINQUMO NGOMNUMZANE ROUX SHABANGU**

**Tshwane, 18 kuMfumfu 2024** - UKhomishana woPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (u-SARS) uMnu. Edward Kieswetter usamukele isinqumo seNkantolo Ephakeme i-Gauteng North High Court Division ethole uMnu. Ngwane Roux Shabangu enesibophokubika ngokuhluleka kwakhe ukukhokhela u-SARS izintela ezisilele azikweletwa nguye nezikhungo ezixhumene naye. UMnu. Shabangu unamabhizinisi amaningi anentshisekelo kuwo embonini yokwakha nezindlu.

Emva kwemizamo emide nethathe isikhathi eside u-SARS ugqogqa isikweletu sentela ebesisilele kusukela kowe-2019 kanye nokuzama ukugwema ukuguga kwempahla obekuzoqhubeka kwenze kube nzima ukuqoqa inani eliphelele lentela okumele ikhokhwe, u-SARS wafaka isicelo soMyalo wokuMisa owenziwa ku-*Majestic Silver 275 (Pty) Lt*d, okuyinkampani okuyiyo elawulayo ebisetshenziswa uMnu. Shabangu kanjalo noMnu. Shabangu yena uqobo kanye namalungu omndeni wakhe ngokwezikhundla zawo zokuba ngamalungu e-*The Roux Shabangu Family Trust*.

Kulokhu okwabonakala njengesu eliwumzamo wokubambezela ukuvimbela ukukhishwa koMyalo wokuMisa wokugcina, i-*Majestic Silver 275 (Pty) Ltd* yafaka isicelo sokuba kuhlangulwe ibhizinisi lokhu okwakuzokwenza ukuba kubekwe umyalelo wokumisa i-*moratorium* kuzo zonke izinqubo zomthetho ezaziqhubeka egameni lenkampani ukusukela ekuqaleni kwezinqubo zokuhlangula ibhizinisi.

U-SARS waphikisana nalomzamo wokuhlengwa kwebhizinisi kwathi kuNhlolanja kowezi-2023, wathola uMyalo wokuMisa wesikhashana owasusa umyalo wokumisa i-*moratorium* ohlinzekelwa ngokwesigaba 133 seMithetho yeziNkampani 71 wezi-2008 owawukhipha phambili u-SARS nowaqoka i-*Curator Bonis* ukuba kube yiyo ebheka izindaba ze-*Majestic Silver 275 (Pty) Ltd*, uMnu. Shabangu kanye namalungu omndeni wakhe njengabaPhatheli be-*Roux Shabangu Family Trust.*

KuMbasa kowezi-2024 u-SARS wathola umyalo wokuMisa wokugcina ku-Majestic Silver 275 (Pty) Ltd kanye nabanye Abaphendulayo. Izinqubo zokuhlangulwa kwebhizinisi i-*Majestic Silver 275 (Pty) Ltd* zabekwa eceleni futhi zamiswa.

Kwabuye kwathathwa isinqumo sokuqala ukufaka isicelo sokucwila kwenkampani egameni lezinkampani zikaMnu. Shabangu kanye nokuqalisa isicelo sokudliwa kwempahla egameni likaMnu. Shabangu kanye ne-*The Roux Shabangu Family Trust lapho* anguMphatheli wayo, ngokweSigaba 177 soMthetho wokuPhathwa kweNtela, uMthetho nombolo 28 wezi-2011.

KuMandulo kowezi-2024, izicelo zokucwila nokudliwa kwempahla zaxoxwa e-Gauteng North High Court. INkantolo, emva kwezingxoxo, yavuma ukuba inkampani eyodwa ibalwe njengecwile ezikweletini kanye nemiyalo emithathu yesikhashana egameni lenkampani, uMnu. Shabangu kanye namalungu omndeni wakhe njengabaPhatheli be-*Roux Shabangu Family Trust*.

UKhomishana wakwa-SARS uMnu. Edward Kieswetter uthe "*imiphumela yezicelo ezingenhla ziyisibonelo zokuzimisela kuka-SARS ukugqobhozela ngale kwezinkampani ezizimele emizamweni yawo yokufezekisa umyalelo wawo ngokomthetho wokuqoqa imali okumele ingene esikhwameni sikahulumeni. Okubaluleke kakhulu, umyalelo wokudliwa kwempahla okhishwe egameni leThrasti*

*ubaluleke kakhulu ngoba ugqamisa imizamo ka-SARS eqhubekayo yokuphoqelela ukuthotshelwa kwentela kumaThrasti okuzikhethela avamise ukusetshenziswa njengezindlela zokubalekela izintela. U-SARS angeke uguqe endleleni yawo yokulandela bonke abantu ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukulimaza. Ngethemba ukuthi lesi sicelo sizobathuntubeka bonke labo abahlose ukulandela lo mgudu".*

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane no-SARS ku SARSMedia@@sars.gov.za